

## **USARS uthatha indlela yokuqapha njengoba sinyuka isibalo sabatheleleke ngegciwane le-COVID-19**

**Tshwane ngoLwesine 24 kuNhlangulana 2021** – uPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luqaphela ngokukhulu ukukhathazeka umthelela omubi owenziwa isiqubu sesithathu sobhubhane Iwe-Covid-19. Isilinganiso sabatheleleke ngegciwane le-Covid-19 ezinsukwini eziyisikhombisa ezedlule sesidlulile kwabayi-12 000. Ngosuku olulodwa - 23 kuNhlangulana 2021 – kwabikwa abantu abayi-17 493 abanegciwane kanye nabayi-166 ababulawe yilo igciwane. Sizwakalisa ukuzwelana okukhulu nalabo abashonelwe. Abanigi babathandiweyo bethu, abangani nozakwethu bathintekile.

NgokoMthetho wokuSingathwa kweziNhlekelele, uPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lusewumsebenzi osemqoka. Silokhu sikugcizelela ukubaluleka kokuinisekisa ukuthi izwe liyaqhube ka nokuhlinzeka usizo sibe silwiana nobungozi bokusabalala kwegciwane.

Ngenxa yokuqhubeka kokunyuka kwesibalo sabathelelekile nokuqala kwesiqubu sesithathu sobhubhane, sesinqume ukuvala amagatsha ethu okwesikhashana kulabo abafuna ukuya kuwo siqu kusukela ngoLwesine mhla lu-01 kuNtulikazi 2021. Siyakwazi ukwenza ngale ndlela ngoba izinkundla zedijithali zakwaSARS, njengoba kubonakele ngesikhathi kudlondlobala izibalo ngesiqubu sesibili, ziyakwazi ukunika abakhokhintela ithuba lokugcina izibophezel zabo nge-inthanethi.

Okubaluleke kakhu, ukuvalwa kwesikhashana kwamagatsha entela angeke kusithikameze isikhathi sokuqala kwesikhathi sokubuyiswa kwamaphepha entela kwabantu ngabodwana abavamise ukusebenzisa i-eFiling noma i-SARS MobiApp. Laba bakhokhintela bayakhuthazwa ukuba baqhubeke benze njalo, kusukela mhla lu-01 kuNtulikazi 2021.

Ukuthumela amaphepha entela emagatsheni ANGEKE kuqale mhla lu-01 kuNtulikazi 2021. Okwamanje, sihlele ukuqala ukuvumela ukuya emagatsheni kusukela mhla ziyyi-16 kuNcwaba 2021, kodwa sizohubeka nokukubuyekeza lokhu. Abakhokhintela belulekwa ukuba bangezi emagatsheni akwaSARS. Amagatsha azovalwa kuze kwensiwe isimemezel esiqinisekisa usuku azovulwa ngalo futhi.

Ngenkathi amagatsha esavaliwe, abakhokhintela abadinga usizo ngokubuyisa amaphepha entela nge-inthanethi bazosizwa ngocingo yizisebenzi zakwaSARS ezizimisele.

Zonke izintuba zokungena eMnyangweni wokuThelisa zizovulwa kulemisebenzi ephambili, kodwa angeke kuvunyelwe ukubonana ubuso nobuso ngaphandle uma kuzohlolwa izimpahla.

Ngokuhambisana nokuzinikela ekuhlinzekeni ngohlelo lwakamuva nokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bahlangabezane nezibophezel zabo, siyaqhube ka nokuzinikela ekusebenziseni ubuchwepheshe ukuqinisekisa ukuthi abakhokhintela bayaqhube ka nokuthola usizo ngendlela eqinisekisa ukuphepha kuzisebenzi nakubakhokhintela.

Sikhumbuza amalungu omphakathi ukuba aqaphele lokhu okulandelayo:

- Uyakwazi ukubeka usuku lokusizwa umuntu buqama nge-inthanethi kanti lokhu kungenziwa kusizindalwazi sakwaSARS ngokulandela le linki engezansi: <https://www.sars.gov.za/contact-us/make-an-appointment/>; nangokuthumela i-SMS ku-47277 enegama elithi “Booking” kanye nenombolo yephasiphothi yakho/yomazisi wakho/nenombolo yemvume yokubhaca i-ejenti yakwaSARS izoxhumana nawe ibeke usuku egameni lakho.
- Abakhokhintela bangasebenzisa izinkundla zethu zedijithali ngokuvakashela ku- [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)
- I-SARS Contact Centre (0800 00 7277) izoqhubeka nokuhlinzeka usizo kumalungu omphakathi.

USARS uzoqhubeka nokuqapha lolu bhubhane njengoba lushintshashintsha bese unazisa nganoma yiluphi ushintsho olungaba khona kulezi zinblelo ezibekiwe.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)